

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala


- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

Kudaladala, izindlovu zazinemiboko emifushane.

Ngelinye ilanga izindlovu zazidla.

Kwasuka uBubu umntwana wendlovu wahamba washiya umndeni wakhe. Wahamba wahamba wahamba. Akabezwanga uma bembiza.

"Ngifuna ukubona umhlaba." kusho uBubu.



Esikhathini esingengakanani uBubu wayeselahlekile. "Ngifuna umndeni wami," ecabanga.

Emva kwalokho wahlangana nebhubesi.

"Ngabe ngiyibhubesi? Ngingowakini, Bhubesi?" kubuza uBubu.


"Cha, awunawo amazinyo amakhulu. Awukwazi ukubhonga. Hamba uye kumama wakho," kusho ibhubesi.



Wasuka wehla waze wayofika emfuleni. Wabona imvubu.

UBubu wabuza imvubu:
"Ngabe ngiyimvubu?
Ngingowakini, mvubu?"

"Cha, awukwazi ukulala emanzini, unamadlebe amakhulu, awami mancane."
Hamba uye kumama wakho, kusho imvubu.



Wahamba wahamba, wahlangana nendlulamithi.
Waphakamisa amehlo wayibuka.

UBubu wabuza indlulamithi,
"Ungumama wami wena?
Ngingowakini, ndlulamithi?"

"Cha, unentamo emfushane.
Hamba uye kumama wakho,"
kusho indlulamithi.

Wahamba wahamba, waze wakhubeka. Wathi uma ebheka phansi wabona ufudu.

"Ungumama wami wena? Ngingowakini mina?" kubuza uBubu.

"Cha, imihlane yethu ayifani. Hamba uye kumama wakho," kusho ufudu.



Wafika emfuleni wabona ingwenya. Yayilambile yase icabanga ukumenza isidlo sayo sasemini.

Wayibuza umbuzo uBubu "Ungumama wami wena? Ngingumntwana wakho?"

"Sondela eduze ukuze ngikubone kahle," kusho ingwenya.

UBubu wangena emanzini wasondela kuyo ingwenya...



Ingwenya yambamba ngekhala uBubu yamdonsa, yamdonsa weluleka umboko wendlovu.

Kwenzeka konke lokhu nje, unina kaBubu uyabona "Yekela umntwana wami," kumemeza umama kaBubu. Wambamba ngomsila wamdonsa wamkhiphela ngaphandle kwamanzi.

"Bubu, mntanami! Bewukuphi sonke lesi sikhathi?" kubuza unina.

Ngokudabuka uBubu wathi, "Bengifuna wena."




"Bakithi, bonani umboko wami omude," kusho uBubu. "Ungathi angisile."

"Ungakhathazeki," kusho inyoni encane. "Uzowusebenzisa ekuphaxazeni amanzi, ukhe nezithelo ngawo," kusho inyoni.

UBubu wahamba eshwiba umboko wakhe. Wayenza izinto eziningi ezinhle ngomboko wakhe omude. Kwathi lapho zimbona ezinye izilwane zafisa ukuba nomboko ofana nowakhe.



Zonke izilwane zadonsa imiboko yazo. Nanamuhla izindlovu zinemiboko emide.



Akaphindanga uBubu washiya umndeni wakhe.

Wayazi ukuthi akalona ibhubesi, noma imvubu. Wayengeyona indlulamithi, engelona ufudu noma ingwenya.Wayeyilungu lomndeni wezindlovu.

WayenguBubu, eyindlovu. "Ngiyindlovu, nginomboko omude," kusho uBubu.

Nawe jabulela ubuwena!





# Amaqiniso ngezilwane

## IZINDLOVU



1 Izindlovu zensikazi nezeduna zase-Afrika zinezimponjwana (ama-thaski). Ziwasebenzisela ukumba nokuthola ukudla.



2 Izindlovu zeduna zibizwa ngezinkunzi. Izindlovu zensikazi zibizwa ngezinkomazi. Izindlovu ezincane zibizwa ngamankonyane.



3 Indlovu esikhulile idla ukudla okungaba yisisindo sama-300 kg, iphuze amanzi ayi-160 amalitha ngosuku.




4 Izindlovu eziningi ndawonye zibizwa ngomhlambi.



5 Izindlovu zilala amahora ama-2 noma ama-3 kuphela ngosuku.



6 Izindlovu zizwa ukukhala kwezinye izindlovu ebangeni elingamakhilomitha ayi-8.



7 Izindlovu zase-Afrika zinezinzwa zokunuka.ezisebenza kahle kakhulu. Zizwa amanzi ngephunga noma esebangeni elingamakhilomitha ayi-19.



8 Indlovu enkulu kunazo zonke ngokwamarekhodi yaba nesisindo esingamakhilogremu ayizi-10, 886 Namamitha alinganiselwa ku-3,96 ukuphakama.



9 Izindlovu zisebenzisa imiboko ukugeza ngamanzi apholile uma kushisa kakhulu.




10 Izindlovu zizivikela ekushisweni yilanga ngokuzithela ngenhlabathi noma ngodaka.

# Umsebenzi wokufunda ngamaqembu



1 Yisho ukuthi yisiphi isithombe okumele sibe ngesokuqala, esesibili, esesithathu kanye nesesine. Emva kwalokho sebenzisa izithombe ukuxoxela umngani wakho le ndaba.






2 Funda imibuzo. Tshela umngani wakho izimpendulo.

a. Sithini isihloko sendaba?
b. Yisiphi isilwane esibalulekile endabeni?
c. Yiziphi izilwane ezikhona endabeni?
d. Kwenzekani kumntwana wendlovu?
e. Ucabanga ukuthi le ndaba yenzeka ngempela?
f. Avela kangaki endabeni amagama athi, "Ngingowakini?"
g. Ungayicela ingwenya ukuthi ikusize? Nikeza isizathu sempendulo yakho?



3 Sebenzisa amagama nezithombe ukuqedela imisho. Bhala umusho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| indlulamithi | ufudu | ibhubesi | ingwenya | uBubu |

| |
|---|
| "Ungumama wami?" kubuza ______. |
| ______ inomqala omude. |
| ______ luhamba luthwele indlu yalo emhlane. |
| ______ yayifuna ukudla uBubu. |
| ______ liyabhonga futhi linamazinyo amakhulu. |



**4** Qedela lo msebenzi encwadini yakho yokubhalelela.

a. Thola amagama anale misindo:

| | | | |
|---|---|---|---|
| ndl | mb | nk | nz |

b. Bhala amagama ezilwane ezisendabeni. Sebenzisa ikhefana ukwehlukanisa amagama akho.

c. Bhala amagama kukholomu yokuqala. Emva kwalokho bhala amagama anomsindo ozwakala ngokufana nalawo akukholomu yokuqala.


| | | | |
|---|---|---|---|
| hlala | susa | sala | sika |
| buza | vuza | vala | vika |
| thola | buka | bona | sola |


d. Bhala imisho emi-4–5 encwadini yakho yokubhalelela ngokwenzeka kuBubu.



**5** Nikeza igama lesithombe ngasinye. Emagameni akho kumele kube khona anale misindo: **kh**, **ndl**, **nhl**, **nd**

a.


b.


c.


d.


# Izinga lesi-2 Incwadi yoku-1

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Indlovu nomboko wayo |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-2 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga lesi-2 Incwadi yoku-1 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | ungumama, umboko, indlovu, indlulamithi |
| Ulwazimagama: | indlovu, indlulamithi, ufudu, ingwenya, ibhubesi, ukubhonga, imvubu, umntwana |
| Imisindo: | ndl, ngw, kh, mb, mq, gw, nhl, mntw, mv |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Uphinda axoxe indaba usebenzisa izithombe.<br>▪ Ufunda aphendule imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Uqedela imisho esebenzisa izithombe namagama.<br>▪ Uthola amagama anemisindo efanayo endabeni.<br>▪ Uthola amagama anale misindo endabeni: mntw, mkh, ngw, mg, gw<br>▪ Wenza uhlu lwezilwane ezisendabeni.<br>▪ Ubhala imisho emi-4-6 ngale ndaba.<br>▪ Ubhala amagama ezithombe. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-2 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku-1

- UZinhle uthola abangani abasha
- Yimpilo yenja
- Idube layithola kanjani imithende?
- UJeri uyathanda ukufunda

### Izinga lesi-2

- Indlovu nomboko wayo
- Benza kanjalo abangani
- Ichwane elibi ledada

### Izinga lesi-3

- Ibhayisikili likaBheki elisha
- Izilwane ziya olwandle
- Kwasiza uMkhomomkhulu

ISBN 978-1-4315-2526-3

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2526-3

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.